

Ibhukwana Lezinyathelo Zokufundisa Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwa Uthisha

Shuter & Shooter
PIETERMARITZBURG • JOHANNESBURG • EAST LONDON • CAPE TOWN

Ababhali nabashicileli bayabonga ukunikwa imvume ngabanikazi bemisebenzi ukuba kusetshenziswe imisebenzi yabo kule ncwadi. Kwenziwa konke okusemandleni ukuthola bonke abanikazi bemisebenzi futhi abashicileli bangajabula ukuthola imininingwane engabasiza ukuze kulungiswe okusele nokungamaphutha uma incwadi isigaywa ngokulandelayo.



KUYICALA UKUFOTHOKHOPHA NOMA YILIPHI IKHASI KULE NCWADI NGAPHANDLE KWEMVUME EBHALWE PHANSI EVELA KUBASHICILELI

Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd
Shuters Business Park, 45 Willowton Road, Willowton, Pietermaritzburg 3201, South Africa
PO Box 61, Mkondeni 3212, South Africa
http://www.shuters.co.za

Copyright © Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd 2022

First edition 2023

OS1000824

This is an isiZulu reading series: Izinyathelo Zokufunda

Onke amalungelo agodliwe.
Akukho ngxenye yaleli bhuku engashicilelwa kabusha, igcinwe noma yenziwe esinye isimo, kungaba ngokufothokhopha, ukuqopha noma ngayiphi enye indlela ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yabashicileli. Lowo oyokwenza noma yini engagunyaziwe mayelana naleli bhuku uyobekwa icala noma ahlawuliswe kanzima.

Printed by Paarl Media *paarlmedia* , a division of Novus Holdings
xxxx

Uhlu lokuqukethwe

Isingeniso v

Umtapo wolwazi 1

Ubani ontshontshe amathanga 8

UJakalase engadini kaKuku 15

Amathanga amaningi kanje 25

Indali yamathanga 33

Inzuzo 41

Isingeniso

Le incwajana eqondene ngqo nokusiza othisha ukuba bakwazi ukusebenzisa lolu chungechunge lwezincwadi **zesifundo sokufunda ngamaqembu** ezihlelwe ngokwamazinga okufunda. Kunezincwadi eziwuchungechunge oluluhlaza okwesibhakabhaka ezisezingeni lokuqala zalaba bafundi abasebangeni lesi-2. Sizosiza othisha ngezifundo abazozilandela usuku nosuku ukusiza abafundi abasebangeni lesi-2. Enye yezimbangela eyenza kungaphumeleli ukufundisa ngamaqembu, ukungabi nesikhathi sokuhlela izifundo zesikhathi sokufunda ngamaqembu.

Nazi izinyathelo uthisha azozilandela uma enalezi zincwadi ezisezingeni loku-1.

Isinyathelo sokuqala:

- Qiniseka ukuthi amaqembu uwathole ngokusebenzisa u -EGRA noma i-rubrikhi ukuwahlunga.
- Qikelela ukunikeza yilo nalowo mfundi ithuba lokuphendula noma ukufunda.
- Akekho umfundi okumele kuphele isikhathi engatholanga ithuba.

Isihloko sencwadi ‘Umtapo wolwazi’ (Izinga loku-1)

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Umtapo wolwazi

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenzisiwe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenzisiwe kaningi
emtapweni	ibhuku
umtapo	uBathathe
ngezinhlobonhlobo	ngokutshala
amaklabishi	umsizi
kabanzi	ingadi
bayibiyela	incwadi
izithombo	isitulo
esinethunzi	kusho
izithelo	uNono
izitshalo	uKuku

Esifundweni soku-1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi bese wethula isihloko sendaba.
- **Buza,** "Nibonani? Kwenzekani? Kukuphi lapha uma ucabanga?"
- **Buza, "**Ingabe kusedolobheni, ehlathini noma ekhaya? Usho ngani?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Umtapo wolwazi'**
- **Babonise** ikhadi lesihloko:

Umtapo wolwazi

- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lendaba? Kungani usho kanjalo?"
- **Chaza:** lencwadi eyezinga -1 incwadi -1 abakhombe lokho okusho njalo.
- **Yisho** ukuthi zikhona ezinye izincwadi ezi-5 zaloluchungechunge oluluhlaza okwesibhakabhaka abazozifunda uma beqeda le yokuqala.

Uma kusasele isikhathi vula ikhasi elilandeleyo

- **Funda** isihloko **'Umtapo wolwazi'**
- **Buza**, "Senzani isikhukhukazi?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza** ukuthi yabhalwa ngo -2020 lencwadi, abakwa- Shuter & Shooter KwaZulu-Natal nenombolo yencwadi i-ISBN.

Vula ikhasi 1:

- **Buza, "**Ubani lo? Kukuphi lapha?"
- **Babonise** amagama '**emtapweni, uKuku'**
- **Buza,** "Ubani owake waya emtapweni? Ucabanga ukuthi wenzani uKuku?"
- **Babonise** igama **'izincwadi'**

Vula ikhasi 2

- **Buza, "**Ingabe wenzani uKuku manje?"
- **Babonise** igama **'qalaza'** lichaze.

Vula ikhasi 3

- **Buza, "**Wenzani manje uKuku? Ugibeleleni esitulweni? Qagelani sekuzokwenzakalani?"

Vula ikhasi 4

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Yini kufanele kungabi nomsindo emtapweni/ emtatsheni wolwazi?"
- **Babonise** igama **'phazamisa'** lichaze.

Vula ikhasi 5

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ubani lo futhi wenzani?"
- **Babonise** igama **'Umsizi'**

Vula ikhasi 6

- **Buza:** "Ingabe sebenzani manje umsizi noKuku?"
- **Babonise** amagama **'izinhlobonhlobo' 'izitshalo'** achaze.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uyaphi manje uKuku? Ingabe uzozifunda yedwa zonke lezi zincwadi?"
- **Buza,** "Qagelani ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukuzwa nokuphimisa kanye nokuwubona **umsindo -lw** emagameni.
Dlalani umdlalo wokuzwa u -lw- uphakamise izithupha uma bengamuzwa bazibhekise phansi
wolwazi
esitulweni
ulwazi
ulwesibili
ulwembu
Babonise amagama ano '**lw**-'

Umsebenzi

Cozulula lamagama ngokwemisindo bese ufaka umbala ku-lw	
wolwazi	w/o/lw/a/z/i/
esitulweni	
isilwane	
uLwesibili	
uLwesithathu	
uLwesine	
uLwesihlanu	

Esifundweni sesi-2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi **'Umtapo wolwazi'**
- **Buza,** "Konje wayeyokwenzani uKuku emtapweni wolwzi? Kugcine kwenzakalani esifundweni esedlule?"
- **Babonise** la nagcina khona.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-8 no 9

- **Buza,** "Obani laba, benzani manje? Ziyakwazi izilwane ukufunda?
- **Chaza** umbhalo ongelona iqiniso.
- **Babonise** igama **'izitshalo, izinhlobonhlobo, ibhuku'** chaza amagama.

Vula ikhasi- 10 ne-11

- **Buza,** "Akhuluma ngani lamabhuku abawafundayo uma ubheka isithombe?"
- **Babonise** igama **'zizofohla, amaklabishi'** lichaze.

Vula ikhasi- 12 ne- 13

- **Buza,** "Kulelibhuku babona ini abangani? Uma nicabanga bazowatshala yini amathanga? Benzani manje abangani?"
- **Babonise** igama '**bayibiyela'** chaza.

Vula ikhasi- 14 no 15

- **Buza**, "Kwenzekani lapha? Benzani abangani?"
- **Babonise** igama '**esinethunzi'** chaza.
- **Buza,** "Benzani manje abangani abathathu? Ingabe sebefunda ngani uma ucabanga?"

Vula ikhasi 16 no -17

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini eyenzekayo manje? Uzozenzani uBathathe izinduku? UNono uzolenzani igeja?"
- **Babonise** amagama '**imigqa' 'izithombo'** chaza.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini esizokwenzeka ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18 no -19

- **Buza,** "Ake ubheke uKuku, uphetheni futhi ucabanga ukuthi uzozenzani lezi zinto? Ucabanga ukuthi uyimbelani imigodi uNono? Ingabe uzotshala ini? Kuthiwa kukuphi lapho sitshala khona izitshalo?"
- **Babonise** amagama '**ngiyanisela, engadini**'.

Vula ikhasi 20 no -21

- **Buza,** "Kwenzekani manje engadini? Abangani benzani manje? Kuyini loku okumhlophe? Awuqagele ukuthi kuthathe isikhathi esingakanani ukuthi kuvele amathanga?"
- **Babonise** igama **'amaviki'** chaza.
- **Buza** umfundi ngamunye ukuthi, "Ikhona ingadi ekhaya?"
- **Buza**, "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo."

Ungalivuli ikhasi elilandelayo gcina ngokubaqagelisa nje.

Yisho, "Siyozwa uma sesiyifunda incwadi ukuthi indaba yaphela kanjani."

Basize bakwazi ukuzwa nokubona umsindo **-ng-** noma **-nd**-emagameni. Mabavale amehlo. Yisho igama bese besho ukuthi bezwe u-**ng-** noma u-**nd-** egameni.

Umsebenzi

Hlukanisa amagama ano-ng- ngakwesokudla nano-nd- ngakwesokunxele. Cozulula ngokwezinhlamvu		
ngoba		
ongamsiza		
ukufunda		
bayazifunda		
nabangani		
amathanga		
ingadi		
lalifundisa		

Esifundweni sesi-3

- Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Umtapo wolwazi'**.
- **Akufunde umfundi ngamunye.**
- **Qiniseka** ukuthi umfundi nomfundi uyakhomba lapho kufunda omunye ukuze abone lapho kugcine obefunda.
- **Qiniseka** umfundi ngamunye uyalithola ithuba lokufunda ngaphambi kokuthi kuphele isikhathi.

Vula ikhasi 1

- **Funda** umusho woku-1
- **Buza,** "Wayekuphi uKuku? Kufunda umfundi umusho olandelayo.
- **Buza,** "Wayeyifunelani incwadi uKuku? Wayezotshalani?"

Vula ikhasi le-2

- **Kufunda omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukuhamba uqalaza? Wayeqalazani uKuku?"
- **Kufunda omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzoyibona yini incwadi ayifunayo?"

Vula ikhasi le-3

- **Kufunda omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzokwazi yini ukuyithatha incwadi uma egibela esitulweni?"
- **Kufunda omunye umfundi.**
- **Buza,** "Sekwenzekani manje? Ucabanga ukuthi kuzothiwani kuKuku ngoba ewise incwadi?"

Vula ikhasi le-4

- **Buza,** "Kwenzekalani manje?"
- **Kufunda omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ingabe umsindo kaKuku awuphazamisanga abantu nje?"
- **Kufunda omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ubani osiza emtapweni?"

Vula ikhasi le-5

- **Kufunda omunye umfundi.**
- **Buza,** "Umsize kanjani umsizi uKuku?"
- **Kufunda omunye umfundi.**
- **Buza,** "Wachazelwa ukuthi enze njani uma edinga incwadi?"

Vula ikhasi le-6

- **Kufunda omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ezani izincwadi ezizosiza uKuku?"
- **Kufunda omunye umfundi.**
- **Buza,** "Babefuna luphi ulwazi ezincwadini ezinhlobonhlobo?"

Vula ikhasi 7

- **Kufunda omunye umfundi.**
- **Buza**, "Wayezisaphi uKuku izincwadi?"


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-4

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Umtapo wolwazi'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Wayezisaphi uKuku izincwadi ezingaka? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani manje?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- Bafundele umusho ekhasini le-8.
- **Buza**, "Babefunda ngani abangani." **Akufunde omunye umfundi ekhasini le-9.**
- **Buza**, "Lalifundisa ngani ibhuku lukuqala? **Kufunda omunye umfundi.**
- **Buza,** "Babonani ezincwadini?" Babonise igama **'izinhlobonhlobo'**
- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe bakuthanda yini ukutshala izimbali? Ubani ofuna babheke elinye ibhuku? Ingabe lizokhuluma ngokutshala ini ibhuku elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza,** "Ingabe sekungelokutshala ini lelibhuku?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini le-10.**
- **Buza,** "Ingabe yini inkinga ngokutshala ummbila?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini le-11.**
- **Buza, "**Ingabe yini inkinga yokutshala amaklabishi?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini le-12**
- **Buza,** "Lalifundisa ngani lelibhuku? Bavumelana ngokutshala ini?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini le-13**
- **Buza,** "Babeyibiyelelani ingadi yabo?"

Basize ngokukwazi ukucozulula amagama ngokwezakhi. Bashaye izandla emisindweni yamagama.
Amathanga> **ama- thanga**

Ummbila > **um-mbila**

Amaklabishi > **ama- klabishi**

Ngezinhlobonhlobo > **nge-zi-nhlobonhlobo**

Umsebenzi

Funda lamagama ngokuhlukanisa lamagama amade ngokwezakhi	
bayazifunda	ba- ya- zi- funda
ngezinhlobonhlobo	
amaklabishi	
ukuyidonsa	
usemtapweni	
waphazamisa	
uNkosazana	

Esifundweni sesi-5

- Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Umtapo wolwazi'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Babebiyelelani? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani manje?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Bafundele** umusho wokuqala ekhasini le-14.
- **Buza**, "Benzani manje abangani." **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini indaba babehlezi? **Akufunde omunye umfundi ekhasini 15.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini abafunda ngayo kule ncwadi?" **Kufunde omunye umfundi.**

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Wenzani uBathathe?" **Akufunde omunye umfundi ekhasini 16**
- **Buza,** "Ubani ozokala imigqa okuzotshalwa khona izithombo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -17.**
- **Buza,** "Ubani ozogumba imigodi?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Akufunde omunye umfundi**.
- **Buza,** "Ubani ozonisela?"
- **Buza,** "Kwenzakalani manje ekhasini le-19? Qagelani ukuthi wenzani uKuku, uNono noBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -19.**

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Kuthathe isikhathi esingakanani ukuthi zivele izintanga?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 21.**
- **Buza,** "Kuthiwa yini indaba bejabule abangani ekupheleni kwendaba? Obani abatshalile ekhaya? Yini etshaliwe futhi yathatha isikhathi esingakanani?"

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

1. Ibizwa ngani indawo lapho sithola khona izincwadi?
2. Ubani owise izincwadi?
3. Kungani abantu becasukile uma kuwa izincwadi?
4. Ngubani osiza emtapweni wezincwadi?

Esifundweni sesi-6

- Abazodlala umdlalo ngendaba.
- **Buza,** “Obani abazoba abalingiswa? uKuku, uNono noBathathe?”
- **Buza,** “Obani abazoba abafundi ababesemtapweni?”
- **Buza,** “Ubani ozoba uNkosazana Gumede ongumsizi wasemtapweni?”
- Abanye bazosho okwenziwa umlingiswa ngamunye.

Isihloko sencwadi ‘Ubani ontshontshe amathanga?’ (Izinga loku-1)

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Ubani ontshontshe amathanga?

Nanka amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
ukhula	amathanga
umatasa	ingadi
umquba	uKuku
umlimi	uBathathe
amathuluzi	ukhula
imfologo	uNono
ucingo	abangani
ukusiphula	
isipeti	
hlakula	

Esifundweni soku-1

- **Xoxa ngekhava** yencwadi.
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Ubani ontshontshe amathanga?'**
- **Buza**, "Kukuphi lapha uma ucabanga? Usho ngani?" (Omunye umfundi angathi ubona ingadi)
- **Babonise** igama, **'ingadi'**
- **Khomba** amathanga.
- **Buza**, "Yini lena?"
- **Babonise** igama, '**amathanga**'
- **Buza**, "Siyabakhumbula laba balingiswa? Obani amagama abo?"
- **Babonise** amagama **'uBathathe, uNono, uKuku'**
- **Buza,** "Ubani lo muntu ome ngaphandle kwengadi?"
- **Babonise** igama, **'umlimi'**
- **Yethula** isihloko sencwadi: '**Ubani ontshontshe amathanga?'**
- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lendaba? Usho ngani?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Funda** isihloko: **'Ubani ontshontshe amathanga?'**
- **Buza**, "Ubani lo ombonayo? Uphetheni?"
- **Yisho,** "Le ncwadi eyezinga-1 incwadi-2, "Zikhona ezinye izincwadi-ezilandelayo e-4 zaloluchungechunge oluluhlaza okwesibhakabhaka enizozifunda uma seniqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza** ukuthi yabhalwa ngo2018 abakwa-Shuter & Shooter KwaZulu-Natal nenombolo yencwadi *-ISBN*.

Vula ikhasi-1

- **Buza,** "Kukuphi lapha?"
- **Babonise** igama: **'ingadi'**
- **Buza**: "Ubani onengadi ekhaya? Yini etshaliwe engadini? Yini etshaliwe kulengadi?"
- **Babonise** igama **'amathanga'.**

Vula ikhasi-2

- **Buza,** "Obani laba? Benzani laba bangani?"
- **Babonise** amagama '**uKuku, uBathathe, uNono'.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi benzani engadini? Yini abayibonayo?"
- **Babonise** igama **'izithelo'**

Vula ikhasi-3

- **Buza,** "Ubani lona odlula ngasengadini? Ucabanga ukuthi uthini uma ebona amathanga engadini?"
- **Babonise** igama **'umlimi'** Chaza umuntu olimayo ubizwa ngokuthi umlimi.

Vula ikhasi-4

- **Buza**, "Kwenzekalani manje? Yini indaba uKuku eseme ocingweni? Ingabe bamangele abangani noma bajabulile? Ucabanga ukuthi uthini umlimi?"
- **Babonise** igama **'ukhula'** chaza yini ukhula.

Vula ikhasi-5

- **Buza,** "Ubani konje lona? Ucabanga ukuthi wenzani manje? Luhle yini ukhula uma lumila engadini?"

Vula ikhasi-6 ne-7

- **Buza,** "Qagela ukuthi sebekuphi manje abangani nomlimi? Ucabanga ukuthi bazokwenzani la?"
- **Babonise** igama '**imfologo, isipeti, amathuluzi'**
- **Buza,** "Uyaphi uKuku? Ucabanga ukuthi kuhlala bani kulendlu? Ngabe uKuku uyokwenzani kulendlu?"
- Abaqagele sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.
- **Yisho, "**Siyoqhubeka ngelinye ilanga."

Basize ukukwazi ukuzwa nokuphimisa imisindo '**ng**' emagameni bazophakamisa izithupha uma bezwa lo msindo bazibhekise phansi uma bengawuzwa.

ingadi
amathanga
amathuluzi
ngemfologo
abangani

Umsebenzi:

Cozulula leligama ngokwemisindo bese ukokelozela umsindo -ng	
ingadi	i/ ng/a/d/i/
nabangani	
amathanga	
isango	
namathanga	
ngoba	
kwengadi	
bengaboni	

Esifundweni sesi-2

Khuluma ngezithombe.

- **Qhubekani** nikhulume ngezithombe.
- **Bakhumbuze** ngesihloko: **'Ubani ontshontshe amathanga?'**

Vula ikhasi-8 -9

- **Buza,** "Wenzani uNono? Ucabanga ukuthi uKuku ufuna baye kuphi, ingabe uzovuka uNono?
- **Buza**, "Wenzani uBathathe? Ucabanga ukuthi ugubhani? Ucabanga ukuthi ufunani uKuku?"
- **Babonise** igama **'ematasa, egcekeni'** lichaze.

Vula ikhasi 10 no 11

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uthini uKuku kuBathathe? Ingabe uBathathe uzolipha bani ithambo? Ucabanga ukuthi uzovuma yini ukuya engadini?
- **Babonise** igama **'imidlwane'** lichaze.
- Uya kuphi manje uKuku? Kungani ethwele isigqoko?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza,** "Wenzani uKuku? Ingabe ukhona omsizayo? Kungani kuneshadi elinesithombe sethanga?"
- **Babonise** igama **'wayesiphula'** lichaze.

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Wenzani uKuku? Kungani efaka izibi emgodini?
- **Babonise** igama **'umquba'** lichaze.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi sinjani isimo sezulu? Usho ngani?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngelinye ilanga."

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Uphetheni uKuku? Wenzani ngalo?"
- **Babonise** igama **'ikani lokunisela'** chaza.
- **Buza,** "Useyaphi uKuku manje? Ake ubuke ilanga kungabe kusekuseni noma ntambama noma kusebusuku, usho ngani?"
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzothini uKuku kuNono noBathathe? Bona bazothini kuKuku? Uzizwa enjani uKuku ngendlela ahlezi ngayo?"

Vula ikhasi 20 no 21

- **Buza,** "Asenjani amathanga manje? Ingabe asevuthiwe?"
- **Babonise** igama **'ukuvuna'**
- **Buza,** "Benzani manje abangani? Ingabe baya kuphi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini lokugcina?"
- **Yisho,** "Siyozwa ngesikhathi esilandelayo ukuthi indaba izophela kanjani."

Basize ukukwazi ukufunda amagama amasha bese bewabhala kusichazamazwi kanye nencazelo yawo.

Umsebenzi:

Funda amagama amasha bese uwabhala kusichazamazwi kanye nencazelo yawo	
ukhula	Izithelo ezimila zingatshalwanga engadini
izithelo	Yilokho okuthelwa yizihlahla
umlimi	Umuntu olimayo izitshalo kanye nezithelo
amathuluzi	Izinto ezisetshenziswayo uma usebenza
ematasa	Ukusebenza ungahlali phansi
egcekeni	Ibala ekhaya
imidlwane	Abantwana benja
umquba	Into yokuvundisa engadini

Esifundweni sesi-3

Bakhumbuze ngesihloko: **'Ubani ontshontshe amathanga?**

Buza umfundi ngamunye kutshalweni engadini uma benayo ekhaya. Phinda ubabonise amagama abawafunde ngenkathi befunda izithombe.

Nikeza umfundi ngamunye ithuba lokufunda.

Vula ikhasi 1

Qala ubafundele umusho woku-1.

- **Buza,** "Ingadi yani le?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Benzani abangani engadini? Nicabanga ukuthi zithelo zini lezi ezibadidayo?"
- **Bakhumbuze** incazelo yegama **'izithelo'**.
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -3**
- **Buza,** "Ubani odlula engadini?"
- **Bakhumbuze** incazelo yegama **'umlimi'.**

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza,** "Kwenzakalani manje?" **Kufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yini ebadidile? Konje sithe yini ukula?"
- **Buza,** "Wenzani umlimi?" **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Uhlekani umlimi? Ingabe yini ezokwenzeka uma bengalususi ukhula?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazokwenzani manje kulendlu?" **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Wabanikeza ini umlimi? Bheka ucabanga uyaphi manje uKuku?

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uthini uKuku kuNono?" **Kufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ingabe uvumile yini uNono ukuvuka?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini le-9**
- **Buza,** "Ingabe uvumile uBathathe ukuhamba noKuku? Ufuna baye kuphi uKuku?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza,** "Ingabe ulisaphi uBathathe ithambo?" **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ufunela bani ukudla uBathathe?" **Akufunde omunye umfundi ekhasini le-11.**
- **Buza**, "Waphatheka kanjani uKuku ngoba bengafuni ukuhamba naye? Kusho ukuthini ukudumala?"

Vula ikhasi-12 no 13:

- **Buza**, "Wenzani manje uKuku?" **Kufunde omunye umfundi.**
- Bakhumbula incazelo yegama **'wayesiphula'**. **Yisho,** "Siyoqhubeka ngelinye ilanga."

Basize ubakhumbuze ngesu leminwe emihlanu. Alihlale likhona ebondeni.

Esifundweni sesi-4

Bakhumbuze isihloko **'Ubani ontshontshe amathanga'**

Vula ikhasi-12 no 13:

- **Buza,** "Kwagcina kwenzekeni endabeni?"

Vula ikhasi 14 no 15

- Bafundele imisho e-2.
- **Buza,** "Wenzani uKuku? **Akufunde omunye umfundi.**
- Bakhumbuze incazelo yegama **'umquba'**.
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 15.**
- **Buza,** "Kungani uKuku wayefake isigqoko? Qagelani sekuzokwenzekani?"

Vula ikhasi 16 no 17

- **Buza,** "Ake uchaze kwenzekani manje? **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yini le ephethwe uKuku?" **Akufunde omunye umfundi ekhasini le -17.**
- **Buza,** "Uyaphi manje uKuku? Ingabe uqedile ukukhipha ukhula? Qagela uzobafica benzani uNono noBathathe?"

Vula ikhasi 18 no 19

- **Buza,** "Kwenzakalani manje?" **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ubafice benzani?" **Akufunde omunye umfundi** ekhasini -19.
- **Buza,** "UKuku uzizwa enjani emuva kokusebenza?"

Vula ikhasi 20 no 21

- **Buza,** "Asengakanani manje amathanga?" **Akufunde omunye umfundi.**
- **Bakhumbuze** incazelo yegama **'ukuvuna'. Akufunde omunye umfundi ekhasini le-21**
- **Buza,** "Bazolenzani ibhala? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani manje?"

Vula ikhasi 22

- **Buza,** "Ngabe uKuku ufike kanjani ocingweni?" **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Kwenzekeni engadini? Ucabanga ukuthi ubani otshotshe amathanga? Sifundo sini esisithole endabeni?"

Esifundweni sesi-5

Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.

- **Buza**, “Obani abazoba abalingiswa?” UNono, uKuku, uBathathe
- **Buza**, “Ubani ozoba umlimi?”
- **Buza**, “Ubani ozoxoxa indaba?”
- Bangashitsha ukuba abadlali.

Ekugcineni qikelela ukuthi bonke abafundi sebeyakwazi ukuyifunda lencwadi ngokuzimela.

Isihloko sencwadi ‘UJakalase engadini kaKuku’ (Izinga loku-1)

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi lesihloko sencwadi.

UJakalase engadini kaKuku

Amagama amasha	Amagama asetsheziswe kaningi
ingidi	uKuku
ukuzikhandla	uNono
isigebengu	uBathathe
ingidi	engadini
ugibe	ontshontshe
onsundu	amathanga
amathanga	abangani
inyanga	uJakalase

Esifundweni soku-1

- **Xoxa** ngekhava.
- **Buza,** "Kukuphi lapha? Kusekhaya noma kusesikoleni? Usho ngani? Ubonani? Ucabanga kwenzekeni la ekhaya?"
- **Babonise** lamagama **'ingidi, isango'**
- **Chaza,** "Ingidi siyisebenzisa ukukhiya ukuze sivikele okungaphakathi kwalapho sikhiye khona."
- **Chaza,** "Isango lisetshenziswa ukungena endaweni ebiyelwe."
- **Yethula** isihloko sencwadi:

UJakalase engadini kaKuku

- **Buza,** "Qagele ukuthi incwadi izokhuluma ngani?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza**, "Incwadi yesi-3, Izinga lokuqala. Kusele ezi-3 esizazifunda uma siqeda lena."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza**, "incwadi ishicilelewe ngonyaka ka-2018, abakwa-Shuter & Shooter."
- **Babonise** inamba yencwadi i-*ISBN*

Vula ikhasi 1

- **Xoxa** ngezithombe.
- **Buza,** "Obani laba? Benzani lapha?"
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bayaphi? Bangena kuphi? Ingabe bajabulile?"

Yisho "siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo".

Basize ukukwazi ukuzwa umsindo **'ng'** ekuqaleni kwegama.

Dlalani umdlalo wokuphakamisa izithupha uma uzwa umsindo **'ng'** ekuqaleni kwegama.

ingadi

ingidi

isigebengu

uKuku

abangani

Umsebenzi

Cozulula amagama bese ukokelezela umsindo 'ng' kulamagama	
ingadi	i/ng/a/d/i/
ingadi	
elungisa	
abangani	
kabuhlungu	
ingidi	
mangakhi	
isango	

Esifundweni sesi-2

- **Bakhumbuze** isihloko: **'UJakalase engadini kaKuku'**
- **Xoxa** ngezithombe.

Vula ikhasi -1

- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la? Nicabanga ukuthi sekuzokwenjakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-2 no 3

- **Buza,** "Bakuphi manje abangani? Wenzani uBathathe. Ucabanga ukuthi ezikabani ezibukwa uBathathe?"
- **Buza,** "Benzani uNono noKuku? Ucabanga ukuthi uzizwa kanjani uKuku?
- **Babonise** amagama, **'isigebengu/ezesela/ esintshontshe'** achaze.
- **Buza,** "Ingabe ubani oyisela? Qagela bazosithola yini isigebengu?"

Vula ikhasi-4 ne- 5

- **Buza**, "Ucabanga ukuthi bawabukani amathanga manje? Mangaki amathanga asele engadini? Ucabanga ukuthi ubani obehamba lapha?"
- **Buza, "**Benzani manje ekhasini -5? Yini abayisebenzisayo ukukhiya engadini?"
- **Babonise** igama **'ingidi'** chaza.
- **Buza,** "Qagelani kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-6 no 7

- **Buza,** "Ingabe baya kuphi manje abangani? Ingabe ucabanga ukuthi angeke lisawatshotsha isela amathanga?"
- **Buza**, "Ingabe kunini ekhasini le-7? Usho ngani? Ingabe yini leya emnyama engasesangweni? Ingabe bayambona yini abangani? Ingabe ufunani ngasengadini?"
- **Babonise** igama '**alunguze**' chaza.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-8 ne-9

- **Buza,** "Ingabe bayaphi abangani? Ingabe kusesebusuku noma kusekuseni manje? Ubona ngani?"
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ezikabani izinyawo ekhasini le-9? Ingabe ubezokwenzani engadini kaKuku? Hawu! Bhaka, ubani ovule isango futhi ulivule ngani? Usithathephi isikhiye?"
- **Buza,** "Ucabanga bazowathola asesekhona yini amathanga?"

Vula ikhasi -10 ne-11

- **Buza,** "Ingabe bayashesha noma bahamba kancane? Ingabe asaphelele amathanga kaKuku?"
- **Babonise** igama **'baphuthuma'** chaza.
- **Buza,** "Mangaki amathanga asele engadini? Ingabe ezikabani izinyawo? Ucabanga ukuthi ubani ophatheke kabi kakhulu kulaba bangani, usho ngani?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza,** "Kungani uKuku evule amaphiko? Kwenzekeni engadini?"
- **Babonise** amagama, **'wayesecasukile, sicuphe'** chaza amagama.
- **Buza,** "Benzani manje ekhasini le-13? Eyani intambo ephuzi?"
- **Buza,** "Umi kuphi uKuku? Ufike kanjani lapho? Benzani oKuku nabangani bakhe?"
- **Buza,** "Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza**, "Uma ucabanga kwenzekeni manje? Ubani lona osengadini? Wenzani?" Ingabe kusemini noma ebusuku, usho ngani?"
- **Buza, "**Ingabe bazolibona isela? Qagela ukuthi lizobambeka yini isela ogibeni? Ingabe mangaki amathanga asele manje?"
- **Batshele** ukuthi niyoqhubeka ngesikhathi esizayo.
- **Basize** bakwazi ukufaka amagama kusichazamazwi futhi babhale nencazelo efanele.

Umsebenzi

Bhala lamagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
igama	incazelo
ugibe	into yokucupha

Bhala lamagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
isela	Umuntu otshotshayo- isigebengu
wayecasukile	Wayediniwe
sicuphe	Ukubeka into ezobamba ogangayo
baphuthuma	Ukuhamba ngokushesha
ingidi	Insimbi yokukhiya emnyango
alunguze	Ukuphakamisa ikhanda ubheke into ecashile

Esifundweni sesi-3

Bakhumbuze isihloko sendaba '**UJakalase engadini kaKuku**'

- Vula la nigcine khona ikhasi 14 ne 15.
- **Buza,** "Kunje sigcine kwenzekani la? Nicabanga ukuthi sekuzokwenzekani manje ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi- 16 ne -17

- **Buza**, "Mangaki amathanga asele manje? Lusebenzile yini ugibe? Usho ngani? Ingabe baphatheka kanjani uma befica ugibe lungasebenzanga?"
- **Babonise** igama **'bajabha, sekushoda'** chaza amagama.
- **Buza,** "Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-18 ne-19

- **Buza,** "Ugubhelani umgodi uBathathe? Ingabe ubani ocabange ukumba umgodi?"
- **Babonise** igama **'isu'** chaza.
- **Buza,** "Ubani lona owele emgodini ekhasini le-19?"
- **Babonise** igama **'hholokohlo'** chaza.
- **Buza,** "Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-20 ne-21

- **Buza,** "Bayaphi abangani? Ucabanga ukuthi bazofica kwenzekeni engadini? Ingabe isela lingena emgodini noma cha?"
- **Buza,** "Lisebenzile yini isu lomgodi? Usho ngani? Ucabanga ukuthi bathini abangani kuleli sela? Ingabe ubani leli sela?"
- **Babonise** igama **'uJakalase'**.
- **Buza,** "Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- Yisho ukuthi angeke ulivule ikhasi lokugcina uyolivula uma senifunda indaba.

Umsebenzi:

Funa amagama amqondofana nalawa endabeni.

Khetha amagama amqondofana nalawa angezansi: ugibe, ukugubha, isu, bashesha, isigebengu	
igama	incazelo
isela	isigebengu
ukumba	
icebo	
baphuthuma	
isicupho	

Esifundweni sesi-4

Abafundi bazofunda ngamunye. Qiniseka ukuthi wonke umfundi uthola ithuba lokufunda noma lokuphendula umbuzo.

- Bafundele isihloko sendaba.

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emibili.
- **Buza**, "Kuthiwa yini indaba uKuku ayephatheke kabuhlungu?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Sekwenzekeni engadini manje?"

Vula ikhasi-2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi**.
- **Buza,** "Wamthulisa wathinini uNono uKuku?" Kusho ukuthini ukuzikhandla futhi ubani owazikhandla?" Bakhumbuze incazelo yegama **'ukuzikhandla'**
- **Akufunde omunye umfundi** ekhasini -3.
- **Buza**, "Kuthiwa kwakungezikabani izinyawo ezazisale engadini? Kuyini isigebengu?"

Vula ikhasi-4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi**
- **Buza**, "Mangaki amathanga asele engadini? Ingabe ziyakwazi ukubala izilwane?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -5**
- **Buza,** "Basebenzisani ukuvalisisa isango engadini?"

Vula ikhasi le-6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Babenaliphi ithemba ngenkathi bebuyela ekhaya?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini-7.**
- **Buza,** "Kunini manje? Ubani lo esimbonayo? Ucabanga ukuthi uyaphi? Ingabe kwakunini?"

Vula ikhasi le-8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Bayaphi abangani? Babefuna ukubonani engadini?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini-9.**
- **Buza,** "Kwenzekeni engadini? Iphulwe yini ingidi?"
- **Bakhumbuze** igama **'ingidi'**


Vula ikhasi le-10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi**
- **Buza,** "Kuthiwa bangana kanjani engadini? Kusho ukuthini ukuphuthuma?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza,** "Mangakhi amthanga kaKuku antshontshiwe mangakhi asele?"


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Umsebenzi

Awuzame ukubheka lamagama ukuthi iziphi izingxenye zegama ongazama ukuzifunda.

amagama	izingxenye
owantshontsha	o- wa- ntshontsha
ukuzikhandla	
balivalisisa	
lisangena	
alingenanga	
ayisishiyagalolunye	

Esifundweni sesi-5

Basaqhubeka nokufunda ngamunye.

Bakhumbuze isihloko: **“UJakalase engadini kaKuku”**

Bakhumbuze ngesu leminwe emihlanu, ukuhlukanisa igama ngezakhi uzame ukufunda ingxenye yegama hleze ukwazi ukulifunda lonke.

Vula ikhasi-12

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** “Uphatheke kanjani uKuku? Ucasulwe yini?”
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** “Yini indaba uKuku efuna ukucupha? Ucabanga ukuthi ubani isela?”

Vula ikhasi-13

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** “Benzani manje abangani? Ucabanga ukuthi ugibe luzolibamba isela?”

Vula ikhasi-14

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** “Libuye nini ukuzontshontsha amathanga? Kungani liza ebusuku?”

Vula ikhasi -15

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** “Isela lisinde kanjani ogibeni? Mangaki amathanga asele manje?”

Vula ikhasi -16

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** “Kwenzekeni engadini? Ucabanga ukuthi langena yini isela?”

Vula ikhasi -17

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** “Bazizwa benjani abangani bethola ugibe lungasebenzanga? Ingabe esemangaki amathanga asentshontshiwe manje?”

Vula ikhasi -18

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** “Lithini isu aqhamuka nalo? Ucabanga ukuthi lelisu lizosebenza?”
- **Akufunde Omunye umfundi.**
- **Buza,** “Yini indaba bawuvala umgodi abawumbile?”

Vula ikhasi -19

- **Akufunde omunye umfundi umusho o-1**
- **Buza,** “Ucabanga ukuthi esani lesi sithunzi?”
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** “Kwenzakalani manje? Ubani ongena emgodini? Ingabe lisenzile isu likaBathathe?”

Vula ikhasi -20

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** “Baphuthumelani ekuseni?”

Vula ikhasi -21

- **Akufunde omunye umfundi umusho -1**
- **Buza,** “Bamangazwa yini oKuku?
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2**
- **Buza,** “Ubani ontshontsha amathanga kaKuku? Ucabanga ukuthi bazomenzani uJakalase?”

Vula ikhasi -22

- **Akufunde omunye umfundi umusho o-1.**
- **Buza,** “Bamenzani uJakalase?”
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** “Wathini uJakalase uma sebembambile? Wena ubengenze njani uma unguJakalase?”

Basize bakwazi ukulandelanisa izigameko zendaba. Buza lemibuzo:

1. Ekuqaleni kwendaba yini indaba ayephatheke kabi uKuku?
2. Benzenjani okokuqala ukuzama ukuvikela isela?
3. Yini abayizama okwesibili? Ingabe yasebenza?
4. Yiliphi isu elaqhamuka noBathathe?
5. Ingabe ubani owatholakala engene emgodini?

Umsebenzi

Ake uhle lezi zigameko ngokulandelana kwazo endabeni. Kusukela kweso-1 kuya -5. Faka inombo efanele eduze kwesigameko.

Izigameko/ izehlakalo	Inombolo
UBathathe wacabanga isu lokumba umgodi	

Izigameko/ izehlakalo	Inombolo
Babeka ugibe benethemba lokubamba isigebengu	
UKuku wayephatheke kabuhlungu ekhala ngoba kukhona ontshontshe amathanga akhe	
Abangani bavalisisa bakhiya ngengidi esangweni	
UJakalase wangena emgodini bamsiza waxolisa ngokuntshontsha amathanga	

Esifundweni sesi-6

Kudlalwa umdlalo ngendaba.

- **Buza,** “Obani abalingiswa bendaba? Ubani ozoba uKuku?”
- Khetha abalingiswa, Ukuku, uBathathe no Nono.
- **Buza,** “Ubani ofuna ukuba uJakalase ogangile?
- **Buza,** “ubani ozoba umxoxi wendaba abuze ukuthi ubani lo?”
- **Bonke abafundi mabadlale umdlalo.**

Umsebenzi

Abahlele izithombe zendaba.

Izigameko/ izehlakalo	inombolo
UBathathe wacabanga isu lokumba umgodi.	
Babeka ugibe benethemba lokubamba isigebengu.	
UKuku wayephatheke kabuhlungu ekhala ngoba kukhona ontshontshe amathanga akhe.	
Abangani bavalisisa bakhiya ngengidi esangweni.	
UJakalase wangena emgodini bamsiza waxolisa ngokuntshontsha amathanga.	

Isihloko sencwadi ‘Amathanga amaningi kanje!’ (Izinga loku-1)

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Amathanga amaningi kanje!

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetsheziswe kaningi
inqolobane	amathanga
isobho	uKuku
inqwaba	uNono
uJakalase	uBathathe
umqhobo	izingane
isijingi	ichwane
lachichima	
ibhala	
inzuzo	

Esifundweni soku-1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi bese wethula isihloko sendaba.
- **Buza**, “Ingabe kwenzakalani lapha? Ingabe obani laba? Angakanani amathanga?”
- **Yethula** isihloko sencwadi:

Amathanga amaningi kanje!’

- **Buza,** “Izokhuluma ngani lendaba?”

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** “Lencwadi eyesine, kukhona ezinye ezimbili ezisele esisazozifunda.”

Vula ikhasi elilandelayo

- Yisho, “ibhalwe abakwa- Shuter & Shooter ngo 2020**,** Inombolo yayo *ISBN*.

Vula ikhasi -1

- **Buza,** “Ubani lo? Akuphi amathanga?”
- **Babonise** amagama **‘inqolobane/ isivuno’** chaza kuyini.

Vula ikhasi- 2

- **Buza,** “Obani laba abanoKuku? Babukeka benjani ebusweni? Ingabe bajabulile noma bamangele?”

Vula ikhasi-3

- **Buza,** “Ucabanga ukuthi uKuku uzolenzani lelithanga? Ingabe alisimsindi yini ithanga? Qagela kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi-4

- **Buza,** “Kukuphi lapha? Wenzani uKuku? Ubani othanda ukudla ithanga?”

Vula ikhasi-5

- **Buza,** “Ulipheke kanjani ithanga uba ubheka epuletini?”
- **Babonise** amagama **‘umqhobo / kukhononda’** achaze asho ukuthini.

Basize bakwazi ukuqonda amagama amasha kanye nencazelo yaw obese bewafaka kusichazamazwi sabo.

Umsebenzi

Amagama amasha	incazelo
inqolobane	Indawo yokubeka isivuno
isivuno	Okutholakala uma sekuvuthiwe okutshalile
umqhobo	Ithanga elibilisiwe
ukukhononda	Ukukhuluma uveze ukunganeliseki

Esifundweni sesi-2

Bakhumbuze ngesihloko sencwadi: "**Amathanga amaningi kanje!**"

Vula ikhasi-5

- **Buza,** "Konje sithe ulipheke kanjani ithanga uKuku? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-6

- **Buza,** "Ingabe uphekeni namuhla uKuku ngethanga?"
- **Babonise** igama '**isijingi**' chaza ukudla okunjani.

Vula ikhasi-7

- **Buza,** "Ingabe uphekeni namuhla uKuku ngethanga?"
- **Babonise** igama '**isobho**' chaza ukudla okunjani.

Vula ikhasi-8

- **Buza,** "Ingabe ucabangani uKuku njengoba ebuka amathanga? Ubukeka ejabulile noma ejabhile?"
- **Babonise** igama '**ngokujabha**' chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi-9

- **Buza,** "Ubani lo ovakashele uKuku? Ucabanga ukuthi bajabulile noma ukhathazekile uKuku? Usho ngani?"
- **Babonise** igama '**ukhathazekile**' chaza kusho ukuthini.
- **Abaqagele** ukuthi kuzovela sekwenzakalani emakhasini elilandelayo.

Vula ikhasi-10

- **Buza,** "Ingabe uthini uKuku kuNono uma ucabanga? Yini emaningi kangaka amathanga kaKuku?"
- **Babonise** igama '**ebalisa**' Chaza lisho ukuthini.

Vula ikhasi-11

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini le ephethwe uKuku, futhi uzoyenzani? Ingabe uzopha uNono amathanga? Usho ngani? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Buza,** "Benzani uKuku benoNono? Ingabe bawafakelani amathanga esakeni?"

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Ubani umngani ofikayo manje? Ucabanga ukuthi uzothini uma ebona isaka? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bathini abangani abathathu njengoba bebuka amathanga? Kungani bebuka amathanga?"

Vula ikhasi 15

- **Buza,** "Yini le ephethwe uBathathe? Ucabanga ukuthi uzolenzani ibhala? Kungani usho njalo?"
- **Babonise** igama '**ibhala**' chaza.
- **Buza,** "Qagelani kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho** sizoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.

Basize abafundi baqondisise lamagama amasha bese bewafaka kusichazamazwi sabo.

Umsebenzi

Funda lamagama nencazelo yaw obese uwafaka kusichazamazwi sakho.

Amagama amasha	incazelo
isijingi	Ithanga eliphekiwe lafakwa impuphu
isombo	Ithanga eliphekwe lafakwa usawoti
ukukhathazeka	Ukungabi nokuthula emoyeni
ebalisa	Ukunganeliseki ulokhu ukhuluma ungaqedi
ibhala	Into yokuthutha izinto enesondo elilodwa eqhutshwayo

Esifundweni sesi-3

- **Bakhumbuze** ngesihloko: **'Amathanga amaningi kanje!'**

Vula ikhasi -15

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani la? Ubeyaphi uBathathe nebhala? Qagela kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo."

Vula ikhasi -16

- **Buza**, "Benzani manje abangani?"
- **Babonise** igama **'lachichima'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi -17

- **Buza,** "Ake uqagele ubani lona odlulayo? Ucabanga ukuthi uthini uma umbheka ebusweni umlimi?"
- **Babonise** igama **'inqwaba'** chaza kuyini.
- **Abaqagele** kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi -18

- **Buza,** "Ingabe uthini umlimi manje? Bheka indlela enza ngayo. Ingabe uyajabula noma uyamangala, usho ngani?"

Vula ikhasi -19

- **Buza,** "Uzowenzani manje ugandaganda umlimi? Ingabe azophela manje amathanga umabewathatha ngogandaganda?"
- **Babonise** igama **'ugandaganda'**.

Vula ikhasi -20

- **Buza,** "Ingabe azokwenela wonke kugandaganda lamathanga?"
- **Babonise** igama **'phama'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi -21

- **Buza,** "Ubani lo ome ocingweni? Ingabe ufunani yena la?"
- **Babonise** igama **'uJakalase'**
- **Buza,** "Yini abayaziyo noma abayikhumbulayo ngojakalase namathanga kaKuku? Qagelani ukuthi kuzokwenzekani ekugcineni?"
- **Yisho,** "angeke silivule ikhasi lokugcina siyolivula uma sesufunda."
- Basize abafundi baqondisise amagama nencazelo yawo bese bewafaka kusichazamazwi sabo.

Funda lamagama nencazelo yawo bese uwafaka kusichazamazwi sakho.

Amagama amasha	incazelo
lachichima	Ukugcwala kakhulu kuze kuchitheke
inqwaba	Izinto eziningi
phama	Ukugcwala kakhulu
ugandaganda	Inqola yokuthutha izinto eziningi
uJakalase	Inyamazane enamaqhinga

Esifundweni sesi-4

Abafundi bazofunda ngokulekelelwa uthisha ikhasi ngalinye:

- Umfundi ngamunye uzophendula.
- **Nika** umfundi ngamunye ithuba lokufunda.
- **Siza** umfundi nomfundi lapho engalazi igama ngokuthi abuke isithombe ukuze akhumbule.
- **Sebenzisa** isu leminwe emihlanu nokucozulula izinhlamvu emagameni ukusiza abafundi.
- **Qiniseka** ukuthi abanye bayakhomba ezincwadini zabo ukuze babone ukuthi obefunda ugcine kuphi ukuze olandelayo aqhubekele phambili.
- **Bafundele** isihloko **'Amathanga amaningi kanje!'**

Vula ikhasi -1

- **Bafundele** ekhasini lokuqala.
- **Buza,** "Yini isivuno? Yini inqolobane? Yini evunwe uKuku?"

Vula ikhasi -2

- **Kufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Zamangazwa yini izingane zikaKuku?"

Vula ikhasi -3

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Uthi ucabanga ukuwenzani amathanga uKuku? Ingabe uzopheka ini uma ucabanga?"

Vula ikhasi -4

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Waze wabanjani uKuku ukupheka amathanga?"

Vula ikhasi -5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Yini umqhobo? Ubani owake wawudla umqhobo?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Wayekhonondelani uChwane?"
- **Bakhumbuze** igama **'kukhononda'** chaza.

Vula ikhasi -6

- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili.**
- **Buza,** "Wapheka ini uKuku? Ubani owake wasidla isijingi?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukukhononda? Likhononde lani elinye ichwane?"

Vula ikhasi -7

- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili.**
- **Buza,** "Wazama ukushintsha wapheka ini uKuku? Yini isobho?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Likhonondelani ichwane lesithathu? Ucabanga ukuthi usezophekani uKuku?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize abafundi bakwazi ukufunda ngokuqondisisa balandele izimpawu zokuloba uma befunda.

Babonise bese ubachazela ukuthi senzenjani uma sifunda imisho enalezi zimpawu.

- **Umbabazi > !**
- **Umbuzi > ?**
- **Ukhefane > ,**
- **Ungqi > .**

Umsebenzi

Faka uphawu olufanele kule misho.

Imisho	Izimpawu
Hha ma_	? ! . ,
Amathanga amaningi kangaka uzowenzani_	? ! . ,
Waqala walipheka wenza umqhobo_	? ! . ,
Thana sesikhathele isijingi_ kanti awapheli yini lawa mathanga_	? ! . ,
Weeee_ Isobho nanamuhlanje_	? ! . ,

Esifundweni sesi-5

Bakhumbuze isihloko sendaba.

Vula ikhasi -7

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani la? Ucabanga ukuthi usezokwenzenjani uKuku manje?"

Vula ikhasi -8

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yini ukujabha? Kusho ukuthini ukuzama ukuwanciphisa?"

Vula ikhasi -9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ubani owafika ezovakashela uKuku?
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ingabe wayebukeka enjani uKuku?"

Vula ikhasi -10

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Bakhumbuze** ngophawu**, umbabazi** > !
- Akanyuse iphimbo.
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "UKuku wathi yini inkinga yakhe? Wayebalisa ngani?"

Vula ikhasi -11

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Mkhumbuze** ngophawu ukhefane (,) lisebenza kanjani uma ufunda.
- **Buza,** "Ufuna ukumupha amangaki amathanga uNono? Mangaki amathanga ambalwa?"
- **Babonise** amagama **'ambalwa/azoncipha'** chaza.

Vula ikhasi -12

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ingabe aphela yini amathanga emuva kokupha uNono?"

Vula ikhasi -13

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ubani owayedlula ngendlela?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Qagela ukuthi uzomupha yini uBathathe naye amathanga?"

Vula ikhasi -14

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Kwakuyini inkinga kaKuku?"

Vula ikhasi -15

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi azophela yini uma befakela uBathathe ebhaleni?"
- **Yisho,** "siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo

Basize abafundi ngukubakhumbuza izimpawu zokuloba ukuze bafunde ngokuqondisisa.

?	!	.	,

Esifundweni sesi-6

- **Qhubekani** nifunde.
- **Bakhumbuze** isihloko sencwadi **'Amathanga amaningi kangaka!'**

Vula ikhasi -15

- **Buza,** "Sigcine kwenzekani la? Ubezolenzani uBathathe ibhala? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi -16

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuchichima? Ingabe aphela amathanga emuva kokuwagcwalisa ibhala?"
- **Bakhumbuze** igama **'lachichima'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi -17

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ubani lo odlulayo? Ubuze wathini? Ucabanga ukuthi angabasiza yini ukuwaqeda wonke amathanga?"

Vula ikhasi -18

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yini inkinga abayichazela umlimi?" Ingabe uzobasiza yini? Yini eyamangaza umlimi?"

Vula ikhasi -19

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Wathi bangawaqoqa kanjani amathanga umlimi? Yini ugandaganda? Ucabanga ukuthi azophela yini amathanga?"
- **Babonise** igama **'ugandaganda'.**

Vula ikhasi -20

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ingabe aphelile amathanga emuva kokuwafaka kugandaganda? Uma ucabanga ayoqedwa yini kanti la mathanga?"

Vula ikhasi -21

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe uzosebenza yini lombono kaJakalase? Ucabanga ukuthi bazowathenga yini edolobheni bawaqede?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Wabacebisa wathini uJakalase abangani bakhe? Ingabe icebo elihle leli? Usho ngani?"
- **Bakhumbuze** amagama **'inzuzo/cebisa'** chaza kusho ukuthini.

Basize bakwazi ukubona amagama nokuzwa umsindo **'nk'** no **'ng'** emagameni. Bangashaya izandla ukuhlukanisa amagama ngokwemisindo. Yiba namakhadi emisindo yokwakha amagama:

i**nk**inga

nge**nk**inga

i**nk**omo

amatha**ng**a

amani**ng**i

aba**ng**ani

ka**ng**aka

ngendlela

Umsebenzi

Amagama	Imisindo yamagama
inkinga	i/nk/i/ng/a/
ngenkinga	
amathanga	
amaningi	
abangani	
kangaka	

Esifundweni sesi-7

Kudlalwa umdlalo ngendaba

- **Buza**, “Obani abalingiswa kulendaba?”
- **Buza**, “Ubani ozoba uKuku, uNono, uBathathe?”
- **Buza**, “Obani abazoba amachwane?”
- **Buza**, “Ubani ozoba umlimi?”
- **Buza,** “Ubani ozoba uJakalase?”
- **Buza,** “Ubani ozoba umxoxi wendaba?”
- Abanye abafundi ababe amathanga.

Basize bayiqondisise indaba ngokubuza imibuzo enhlobonhlobo mayelana nesisusa sendaba, indikimba yendaba, isiphetho sendaba, abalingiswa endabeni.

Umsebenzi

Imibuzo	Izimpendulo
Kwakuyini inkinga kaKuku- isisusa sendaba?	
Obani abalingiswa endabeni	
Ake ulandelanise izehlakalo endabeni	
Ubani umlingiswa obalulekile endabeni?	
UJakalase wabacebisa wathini abangani bakhe?	

Isihloko sencwadi ‘Indali yamathanga’ (Izinga loku-1)

Ukulungiselela isifundo:
Yiba namakhadi alamagama alandelayo.

Indali yamathanga

Amagama amasha	Amagama asebenze kaningi
ukuphusha	amathanga
umhlangano	uKuku
indali	uNono
umacashelana	uBathathe
erenki	bayodayisa
amaqoqo	izingane
emakethe	indali
isiphithiphithi	
izinkezo	

Esifundweni soku-1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** “Kwenzakani la? Nicabanga ukuthi yini indaba kunamathanga amaningi? Usho ngani?”
- **Yethula** isihloko sencwadi.
- **Babonise** ikhadi lesihloko sendaba.

Indali yamathanga

- **Buza,** “Yini indali?”
- **Babonise** igama **‘indali’** chaza.

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** “Incwadi ibhalwe yashicilelwa abakwa-Shuter & Shooter.

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** “Incwadi ishicilelwe ngonyaka ka-2020. Inombolo *ISBN*. Izincwadi eziwuchungechunge futhi zikhona ezinye zamanye amazinga.”

Vula ikhasi-1

- **Buza,** “Ubonani lapha? Ucabanga ukuthi bakhuluma ngani abangani?” Konje obani laba bangani? Ucabanga ukuthi kukhona ini kule ndlu?”

Vula ikhasi-2

- **Buza,** “Ingabe bazowenzani amathanga? Ungawabala yini lamathanga, mangaki?”

Vula ikhasi-3

- **Buza,** “Obani manje laba abancane? Ucabanga ukuthi bakhuluma ngani?”

Vuza ikhasi-4 ne-5

- **Buza,** “Kwenzakalani manje lapha? Bajabuliswa yini abantwana? Awuqagele ukuthi uBathathe uwahlukanisa kanjani amathanga?”
- **Babonise** igama **‘bawahlukanisa’** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi-6

- **Buza,** “Izingane zikabani lezi? Ucabanga ukuthi zilenzani leli thanga? Usho ngani?”
- **Babonise** igama **‘ukuphusha’** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi-7

- **Buza,** “Izingane zikabani lezi? Ucabanga ukuthi zenzani kulamathanga?”
- **Babonise** igama **‘umacashelana’** chaza yini lowo mdlalo.

Vula ikhasi-8

- **Buza,** “Izingane zikabani lezi? Ucabanga ukuthi zenzani emathangeni?”
- **Babonise** igama **‘ukugxumagxuma’** Chaza igama.

Vula ikhasi-9

- **Buza,** “Amathanga abekwe kanjani? Mangaki amaqoqo abahlukanise ngawo amathanga?”
- **Babonise** amagama **‘ukuwahlukanisa ngamaqoqo’** Chaza kusho ukuthini.
- Abafundi abaqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.
- Basize ukukwazi ukufunda amagama nencazelo yawo.
- Banike umsebenzi wokubhala amagama nencazelo yawo kusichazamazwi sabo.

Amagama amasha	Incazelo
ukuphusha	Ukududula into
indali	Ukuthengisa ngentengo ephansi
umacashelana	Umdlalo wokucasha bese bekucinga odlala nabo
Ukuhlukanisa ngamaqoqo	Ukubeka inqwaba yezinto ezifanayo

- **Bakhumbuze** ngesihloko **‘Indali yamathanga’**.
- **Buza,** “Sigcine kwenzakalani la? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi-10

- **Buza,** “Ucabanga ukuthi uwenzani amathanga uKuku nezingane zakhe? Ingabe makhulu noma mancane lamathanga?”

Vula ikhasi-11

- **Buza,** “Bawenzani amathanga uNono nezingane

zakhe? Ingabe mancane amathanga noma aphakathi nendawo noma makhulu?"

Vula ikhasi-12

- **Buza,** "Bawenzani amathanga oBathathe nezingane zakhe? Ingabe angakanani lamathanga makhulu noma mancane, usho ngani?"

Vuka ikhasi-13

- **Buza,** "Kwenzakalani manje lapha? Ucabanga ukuthi balaleleni kanje abangani nezingane zabo? Ucabanga ukuthi bebewahlukaniselani amathanga ngosayizi bawo?"
- **Babonise** igama **'indali'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi-14

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uthini uKuku kubangani bakhe? Ingabe ufuna baye kuphi?"
- **Babonise** igama **'edolobheni'** chaza kukuphi lapho.

Vula ikhasi-15

- **Buza,** "Kukuphi lapha? Usho ngani? Wenzani uKuku nezingane zakhe?"
- **Babonise** igama **'erenki'** Chaza igama **erenki.**

Vula ikhasi-16

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bayawadayisa amathanga noma bayaphisana ngawo?"
- **Babonise** igama **'ukudayisa'** chaza igama.

Vula ikhasi-17

- **Buza,** "Ingabe ukuphi uNono nezingane zakhe? Ucabanga ukuthi bawenzani amathanga?"
- **Babonise** amagama **'emakethe/ kwakunesiphithiphithi'** achaze amagama.
- Abaqagele abafundi ukuthi sekuzokwenzakalani?

Vula ikhasi-18

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uthini uNono kulendoda? Ingabe yona ihlaleleni lapha? Usho ngani?"
- **Babonise** igama **'izinkezo'** chaza yini **izinkezo.**

Vula ikhasi-19

- **Buza,** "Hawu! Uyithathephi imoto manje uBathathe? Ucabanga ukuthi bayaphi namathanga? Uma bedayisa ucabanga ukuthi bamemeza bathini?"

Vula ikhasi-20

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazowathenga yini amathanga laba bantu? Ingabe bazowujabulela umsindo abawenzayo ngokudayisa?"

Vula ikhasi-21

- **Buza,** "Sekwenzekalani lapha? Ingabe sebedayisa bonke ndawonye noma sebebuyela ekhaya? Usho ngani? Ingabe athengwa yini amathanga abo?"
- **Baqagelise** ukuthi izophela kanjani indaba.
- **Ungalivuli ikhasi likugcina.**

Basize bakwazi ukuhlukanisa igama abangalazi ngokwezakhi nangokwemisindo ukuze bakwazi ukulifunda.

Bawadayisela

Ngokwezakhi> ba/ wa/ dayisa/ ela

Ngokemisindo> b/a/w/a/d/a/y/i/s/a/

Kwakunesiphithiphithi

Ngokwezakhi> kwa/ kune/ isiphithi/ phithi/

Ngokwemisindo> kw/a/k/u/y/i/s/i/ph/i/th/i/ph/i/th/i/

Umsebenzi

Amagama	Ngokwezakhi zamagama	Ngokwemisindo yezinhlamvu
Kwakunesiphithiphithi	kwa/kune/isiphithi/phithi/	Kw/a/k/u/y/i/s/i/ph/i/th/i/ph/i/th/i/
belungiselela		
babebonakala		
umacashelana		
ukugxumagxuma		

Esifundweni sesi-2

- **Bakhumbuze** ngesihloko **'Indali yamathanga'**
- Abafundi bazofunda ngamunye.


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Vula ikhasi-1

- Bafundele isihloko sendaba.
- **Buza,** "Konje sithe ingabe bakhuluma ngani abangani?"
- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza,** "Ingabe kuthiwa babenani abangani?"
- **Babonise** igama **'umhlangano'** chaza kuyini.
- **Buza,** "Ubani owake wababona abantu besemhlanganweni?"

Vula ikhasi-2

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Babefuna ukwenzani ngoba bevula umnyango? Ucabanga ukuthi bawabalelani amathanga?"

Vula ikhasi-3

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Wathini uNono uma ebona ukuthi maning kakhulu amathanga? Lithini elinye igama elisho abantwana? Ucabanga ukuthi abantwana bazokwazi yini ukubasiza abazali babo?"

Vula ikhasi-4

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Kuthiwa benze njani abantwana uma bezwa ukuthi bazosiza abazali babo?
- Uma umfundi ehlulwa ukufunda igama **'abantwana'** musize alihlukanise ngokwezakhi > **aba-ntu-ana**.

Vula ikhasi-5

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "UBathathe wabatshela ukuthi bawahlukanise kanjani amathanga?"
- Uma umfundi ehlulwa ukufunda igama **'bawahlukanise'** musize alihlukanise ngokwezakhi > **ba-wa-hlukana-sa**
- **Buza,** "Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo."

Vula ikhasi-6

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Zasizana kanjani izingane zikaKuku? Yini indaba zisizana?"

Vula ikhasi-7

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Zagcina sezenzani izingane zikaNono?"
- Bakhumbuze igama **'umacashelana'**.
- Msize ufundi uma engakwazi ukulifunda, akalihlukanise ngokwezakhi abone ukuthi iyiphi ingxenye akwazi ukuyifunda. **um-a-cashe-la-ana** noma ngokwemisindo> **u/m/a/c/a/sh/e/l/a/n/a/**
- Babonise ngamakhadi ezinhlamvu.

u	m	a	c	a	sh	e	l	a	n	a

- **Buza,** "Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-8

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- Bakhumbuze igama **'zagxumagxuma'**
- Msize ufundi uma engakwazi ukulifunda, akalihlukanise ngokwezakhi abone ukuthi iyiphi ingxenye akwazi ukuyifunda. **za-gxuma-gxuma** noma ngokwemisindo> **z/a/gx/u/m/a/gx/u/m/a/**

z	a	gx	u	m	a	gx	u	m	a

- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Sekwenzekani enganeni eyodwa kaBathathe?"

Vula ikhasi-9

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Baqeda nini ukuwahlukanisa amathanga? Bawahlukanisa kanjani?"
- Bakhumbuze igama **'amaqoqo'**.
- Msize ufundi uma engakwazi ukulifunda igama **'sekuntambama'**, akalihlukanise ngokwezakhi abone ukuthi iyiphi ingxenye akwazi ukuyifunda. **se-ku-ntambama-** noma ngokwemisindo.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-10

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza, "**Bathatha amathanga anjani oKuku nezingane zakhe?"

Vula ikhasi-11

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Bathatha amathanga anjani oNono nezingane zakhe?"
- **Buza,** "Nicabanga ukuthi uBathathe yena uzothatha amathanga anjani nezingane zakhe?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."
- **Basize** ukuhlukanisa lamagama amade ngokwezakhi nangokwemisindo ukuze bakwazi ukuwafunda ngokushesha nangokuwaqondisisa. Bashaye izandla emisindweni.
  sekuntambama
  bawahlukanisa
  zagxumagxuma
  umacashelana
  abantwana

Umsebenzi

Amagama	Ngokwezakhi zamagama	Ngokwemisindo yezinhlamvu
sekuntambama	se-ku-ntambama	s/e/k/u/nt/a/mb/a/m/a/
bawahlukanisa		
zagxumagxuma		
umacashelana		
abantwana		

Esifundweni sesi-3

- **Khumbuza** abafundi ngesihloko '**Indali yamathanga**'

Vula ikhasi-11

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani la? Nicabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-12

- Bafundele.
- **Buza,** "UBathathe nezingane zakhe bathatha amathanga angakanani?"

Vula ikhasi-13

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yini indaba basheshe balala abangani?
- **Bakhumbuze** igama '**indali**'.

Vula ikhasi-14

- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili.**
- **Buza,** "Ubavuselani uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Bazoyaphi abangani? Bayokwenzani?"

Vula ikhasi-15

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "UKuku nezingane zakhe bathengisa kuphi? Yini ndaba babebonakala kancane phakathi kwabantu?"
- **Bakhumbuze** igama '**irenki**'.
- **Buza,** "Nicabanga ukuthi bazothengelwa yini oKuku amathanga?"

Vula ikhasi-16

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Badayisela obani oKuku amathanga?"

Vula ikhasi-17

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Bayodayisa kuphi uNono nezingane zakhe?
- **Bakhumbuze** igama '**kwakunesiphithiphithi**'.
- Basize ukulifunda ngokushesha – lihlukanise ngokwezakhi > **ku-a-ku-na-isi-phithi-phithi noma ngokwemisindo.**
- **Buza,** "Qagelani ukuthi bazobathengela yini amathanga oNono nezingane zakhe?

Vula ikhasi-18

- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili.**
- **Buza,** "Kwakuyini umsebenzi wendoda eyathenga amathanga?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yayizowenzani amathanga indoda?"
- **Bakhumbuze** igama '**izinkezo**'.

Vula ikhasi-19

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Bawadayisa kuphi amathanga uBathathe nezingane zakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Babememeza bethini? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Umsebenzi

Imibuzo	Izimpendulo
Obani abathatha amathanga amancane?	
Izingane zikabani ezagcina sezidlala emathangeni? Kwenzakalani kwenye yezingane?	
Obani ababethengisa erenki yamatekisi?	
Obani ababedayisa emakethe?	
Sasikuphi isiphithiphithi?	

Esifundweni sesi-4

- **Bakhumbuze** ngesihloko '**Indali yamathanga**'.

Vula ikhasi-19

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani lapha? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-20

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yini izizathu ezenza bangawathengi amathanga abantu? Yini eyenza abantu babaxoshe?"

Vula ikhasi-21

- **Akufude omunye umfundi.**
- **Buza,** "Babexoxelana ngani ntambama? Zimo zini abahlangabezana nazo? Qagelani kuzokwenzakalani ekugcineni kwendaba?"

Vula ikhasi-22

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Iphele kanjani indaba? Ingabe bajabulile ekugcineni?"
- **Chaza, 'ukulala ja'.**

Basize bakwazi ukuqondisisa lokhu mayelana nendaba.

- Isihloko
- Abalingiswa
- Indikimba
- Isisusa
- Isiphetho
- isifundo

Umsebenzi

Imibuzo	Izimpendulo
Sithini isihloko sendaba?	
Obani abalingiswa bendaba abasemqoka?	
Yini isisusa sendaba, kwenzekeni ekuqaleni?	
Yini indikimba yendaba?	
Yaphela kanjani indaba	

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** ngesihloko **'Indaba yamathanga'**.
- **Yisho,** "Namhlanje sidlala umdlalo ngendaba."
- **Buza,** "Ubani ozoba uKuku? Obani abazoba abantwana bakaKuku?"
- **Buza,** "Ubani ozoba uBathathe? Obani abazoba abantwana bakaBathathe?"
- **Buza,** "Ubani ozoba uNono? Obani abantwana bakaNono?"
- **Buza,** "Ubani ozoxoxa indaba?"
- Kuzobe seyidlalwa indaba abafundi. Umfundi nomfundi uthola ithuba lokuthi abenokuthize okwenziwayo.


Umsebenzi

Bazofaka izinombolo babonise ukulandelanisa kwendaba.













Isihloko sencwadi ‘Inzuzo’ (Izinga loku-1)

Ukulungiselela isifundo:
Yiba nekhadi lesihloko sencwadi:

Inzuzo

Yiba namakhadi alamagama alandelayo.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
ehhovisi	inzuzo
eligcwele	ommbila
imithinyane	amachwane
izaqathe	dlala
imidlwane	izogcina
ebhange	imali eyiphepha
gcwalisa	izitshalo
imali ewuhlweza	
inani eliyizinkulungwane	
umlimi	
imininingwane	

Esifundweni soku-1

- Xoxa ngekhava yencwadi.
- **Buza,** "Kukuphi lapha? Ucabanga ukuthi kwenzakalani? Wena uyazithanda izaqathe? Uthanda eziphekiwe noma ezingaphekiwe izaqathe?"
- **Yethula** isihloko sencwadi:

Inzuzo

- **Buza,** "Yini inzuzo? Leli gama lishiwo kuphi?"
- **Chaza** igama **inzuzo.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesi-6 yaleli zinga loku-1."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Incwadi ishicilelwe ngonyaka ka-2020 abakwa-Shuter & Shooter. Inombolo *ISBN*."

Vula ikhasi-1

- **Buza,** "Ubona obani esithombeni? Ucabanga ukuthi bakhuluma ngani? Kukho ini esakeni? Ingabe yiyo le inzuzo esesakeni? Ucabanga ukuthi bazoyenzani inzuzo?"

Vula ikhasi-2

- **Buza,** "Kwenzakalani manje la? Obani laba? Ucabanga ukuthi bathi bazoyenzani inzuzo?"
- **Babonise** igama **'amachwane'**. Chaza igama.

Vula ikhasi-3

- **Buza,** "Obani laba? Ingabe bona bazokwenzani ngenzuzo."
- **Babonise** igama **'imithinyane'** chaza yini leyo.

Vula ikhasi-4

- **Buza,** "Kwenzekani kulesi manje? Ucabanga ukuthi imidlwane izoyenzani inzuzo?"
- **Babonise** igama **'imidlwane'** chaza yini.

Vula ikhasi-5

- **Buza**, "Ucabanga ukuthi bakhuluma ngani abangani? Ingabe kukhonani esakeni? Ingabe bayalibanga isaka lemali noma bayaxoxisana ukuthi bazoyenzani? Ucabanga ukuthi bazogcina beyenzani imali?"

Vula ikhasi-7

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi baya kuphi manje abangani? Kukuphi laphaya? Ingabe bayofaka imali ebhange? Qagelani ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'ibhange'** chaza yini.

Vula ikhasi-8

- **Buza,** "Ingabe bakuphi manje abangani? Ubani lo abakhuluma naye?"

Vula ikhasi-9

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kukuphi lapha? Ingabe bazokwenzani kulelihhovisi?"
- **Babonise** igama **'ehhovisi'** chaza yini.

Vula ikhasi-10

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi benzani manje? Usho ngani?
- **Babonise** igama **'imininingwane'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi-11

- **Buza,** "Ingabe sebenzani manje? Ucabanga ukuthi kuzoba malini?"
- **Babonise** amagama **'imali ewuhlweza/ imali eyiphepha'**.
- Abafundi abaqagele ekhasini elilandelayo ukuthi kuzokwenzekani.

Basize abafundi bakwazi ukuqonda amagama amasha nencazelo yawo. Bawafake kusichazamazwi sabo.

Umsebenzi

Amagama amasha	Incazelo
ehhovisi	Indawo okusetshenzelwa kuyo
imininingwane	Izinto ezichaza umuntu njengegama/ ngomazisi- *ID*
imithinyane	Abantwana bekati
izaqathe	Isitshalo
imidlwane	Abantwana bekati

Amagama amasha	Incazelo
ebhange	Indawo lapho kugcinwa khona imali ukuze ibe nenzuzo
Imali ewuhlweza	Imali eyinsimbi

Esifundweni sesi-2

- **Bakhumbuze** isihloko **'Inzuzo'**
- Vula lapho nigcine khona.

Vula ikhasi-11

- **Buza,** "Konje sigcine sekwenzekani la? Qagela okuzokwenzeka ekhasini elilandelayo."

Vula ikhasi-12

- **Buza,** "Ingabe ubanikani umsebenzi wasebhange?"
- **Babonise** igama '**inani, eliyizinkulungwane**' chaza kuyini.

Vula ikhasi-14

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bajabulile abangani? Ingabe baphethe ini?"

Vula ikhasi-15

- "Ucabanga ukuthi kwenzakalani esithombeni? Ingabe umhlangano wani?"

Vula ikhasi-16

- **Buza,** "Kwenzakalani lapha? Ingabe bayalwa noma bajabulile? Usho ngani?"

Vula ikhasi-17

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi babexoxisana ngani la? Qagelani sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama '**ibhizinisi**' chaza yini.

Vula ikhasi-18

- **Buza,** "Ubani lo? Ucabanga ukuthi uzofunani lapha uNono?"

Vula ikhasi-19

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kwenzakalani lapha? Ingabe uKuku ufuna izithelo?"
- **Bakhumbuze** igama '**umlimi**'.

Vula ikhasi-20

- **Buza,** "Ingabe uBathathe uzokwenzani yena la?
- **Babonise** igama '**iveni**' chaza yini.

Vula ikhasi-21

- **Buza,** "Kukuphi la? Ucabanga ukuthi bazenzani izitshalo? Qagelani kuzokwenzekani ekugcineni kwendaba?"
- **Babonise** igama '**diliza**' chaza ukwenzani.
- Ungalivuli ikhasi lokugcina.

Basize ukufunda nokuqondisisa amagama nencazelo yawo bese bewafaka kusichazamazwi sabo.

Umsebenzi

Amagama amasha	Incazelo
isitatimende	Into ebhaliwe esho lokho okwenzekile
eliyizinkulungwane	Amakhulu ayikhulu
diliza	Ukwehlisa into ephezulu
iveni	Imoto evulekile emuva yokulayisha izinto
baxoxisana	Ukubonisana ngento ukuthi izokwenziwa kanjani
ibhizinisi	Into yokungenisa imali
umbazi	Umuntu owenza amatafula namakhabethe

Esifundweni sesi-3

- **Bakhumbuze** ngesihloko **'inzuzo'.**
- Bakhumbuze amagama azovela emakhasini abazowafunda.
- Abafundi bazofunda ngamunye.

Vula ikhasi-1

- Bafundele ikhasi lokuqala.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi owani lomhlangano? Ingabe bayithathephi imali engcwele isaka?"

Vula ikhasi-2

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uKuku uzothini yena uma sekuyithuba lakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Athini amachwane wona?"
- **Bakhumbuze** igama **'amachwane'**.

Vula ikhasi-3

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Amachwane ayephikisana ngani? Yini ababefuna ithengwe ngemali?"
- **Bakhumbuze** igama **'imithiyane'.**

Vula ikhasi-4

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Lathini isu elaqamuka nemidlwane? Yini indaba babefuna ukuthenga amathambo athambile? Ucabanga ukuthi bazowathenga yini amathambo?"
- **Chaza** igama **'isu'**.

Vula ikhasi-5

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ingabe baxoxisana ngani abangani? Ucabanga ukuthi bazogcina bevumelane ngokuyenzani imali?"

Vula ikhasi-6

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Bavumelana ngokuyenze njani imali?"
- **Bakhumbuze** igama **'bazoyilondoloza, inzuzo'** chaza.
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Babezoyibeka kuphi imali? Yini indaba?"
- **Bakhumbuze** igama **'ebhange'**.

Vula ikhasi-7

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Babeyaphi abangani manje? Ucabanga ukuthi babeyokwenzani edolobheni?
- **Babonise** igama **'belibangise'** chaza.
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukugada ngamehlo abukhali?"
- **Chaza** isisho **'amehla abukhali'.**
- Abafundi abaqagele ukuthi sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi-8

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ingabe sebekuphi manje? Bazokwenzani ebhange?"
- Chaza igama **'intokazi'.**

Vula ikhasi-9

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yini indaba baya ehhovisi elithule?"
- Chaza igama **'sokulondoloza'**.

Basize abafundi bakwazi ukuzilungisa uma bengafundanga kahle.

Umsebenzi

Funda le misho bese uma uhlangana negama ongalazi leqe bese uzama ukucabanga ukuthi lithini
UKuku, uNono noBathathe babexoxisana ngokuthi imali izogcina yenziwe njani?
Bafika ebhange babingelelwa isisebenzi sakhona
Thina sibona kungcono ukuthi sithenge amabhala esizodlala ngawo sonke
Imidlwane yona yaqhamuka nesu lokusebenzisa imali.

Esifundweni sesi-4

- **Bakhumbuze** ngesihloko '**Inzuzo'.**

Vula ikhasi -9

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzekani la? Qagela kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi -10

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yini imininingwane? Ake ubale leyo mininingwane abayibhalisa."

Vula ikhasi -11

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kwakumalini?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Enjani imali eyuhlweza? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** igama **'uhlweza'** chaza ukuthi imali enjani.

Vula ikhasi-13

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Yini isitatimende? Kubhalwani kusitatimende sasebhange?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Yini isamba semali? Ingabe benza malini uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Base benamalini isiyonke?"
- **Chaza** lamagama **'isitatimende, isamba, inani, inkulungwane'**

Vula ikhasi-14

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ingabe lithini iculo ababelicula sebebuyela emuva? Wena ucula uthini uma ujabulile?"

Vula ikhasi -15

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe kwakukhulunywa ngani kulomhlangano? Ucabanga ukuthi zathini izingane uma zizwa ukuthi imali ibekiwe?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi iyogcinaphi imali."

Basize abafundi bakwazi ukufunda amagama kanye nokuwabhala kusichazamazwi nencazele yawo.

isitatimende

isamba

inani

inkulungwane

uhlweza

Esifundweni sesi-5

Bakhumbuze ngesihloko sendaba **'inzuzo'**.

Vula ikhasi -15

- **Buza,** "Konje sigcine benzani la abangani nezingane zabo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-16

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Bajatshuliswa yini abantwana manje?"

Vula ikhasi -17

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Bavumelana ngokuthi bazoyenzani imali uma isiningi?"

Vula ikhasi -18

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Wayeyokwenzani uNono kumbazi? Yini umsebenzi wakhe?"
- **Bakhumbuze** igama **'umbazi'** chaza.

Vula ikhasi-19

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "UKuku wayeyokwenzani kumlimi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi -20

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ingabe bavumelana ngani uBathathe nomkhulu?"

Vula ikhasi -21

- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili.**
- **Buza,** "Ingabe usuku lwani namuhla? Obani abalungisa amatafula?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Babenzani uBathathe nezingane? Qagela izophela kanjani indaba?"

Vula ikhasi -22

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ingabe zathengwa yini izitshalo zabo? Kusho ukuthini ubuthaphuthaphu?"

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo enhlobonhlobo mayelana nendaba. Mabakwazi ukuthola lokhu:

Isisusa sendaba

Isizinda

Abalingiswa

Indikimba

Isiphetho

Isifundo

Umsebenzi

Bazosebenzisa amagama alandelayo ukugcwalisa emishweni ukuze ifundeke.

Imibuzo	Bhala izimpendulo
Yenzeka kuphi lendaba?	
Yini isisusa sendaba?	
Iphele kanjani indaba ekugcineni?	
Obani abalingiswa abasemqoka?	
Kwenzekani ngemali yenzuzo?	
Sithini isifundo sitholile?	

Esifundweni sesi-6

- **Bakhumbuze** abafundi ngesihloko **'Inzuzo'**.
- **Batshele** ukuthi namhlanje kudlalwa umdlalo ngendaba.
- **Buza,** "Ubani ozoba uKuku, uNono, uBathathe?"
- **Buza,** "Ubani ozoba intokazi? Ubani ozoba umlimi? Ubani ozoba umbuyazi?"
- **Buza,** "Ubani ozoxoxa indaba?"
- Umfundi nomfundi uthola ithuba lokuthi abenokuthize akwenzayo.

Umsebenzi

Bazophendula imibuzo ngendaba.

Basize bakwazi ukulandelanisa izigameko ngendlela efanele.

Banikeze amakhadi anezithombe zezehlakalo zendaba. Mabazihlele ngokulandelana kwazo.

Izehlakalo	Amakhadi ezithombe ezehlakalo
Umhlangano wesaka lemali	
Imidlwane izothenga inyama enamathambo athambile	
Amachwane azothenga amasaka ombila	
Abangani bayofaka imali ebhange	
Imithinyane izothenga amabhola	
Umhlangano wokuqala ibhizinisi	

Umsebenzi

Hlela amakhadi ezehlakalo.

Isu leminwe emihlanu alifundiswe ngokucacile ukuze abafundi balisebenzise uma befunda. Injongo yokufunda ngamaqembu ukusiza abafundi bathuthukise izinga labo lokufunda bagcine sebefunda ngokugeleza nangokuqondisisa.